History and tribal affairs of the Hlomba and Chuli in Nyasaland 11

S.240. (6) 26 AM/5/21. K13/21 F. Vilakazi. 1/12

1. **AbaThembu; Amakhosi abaThembu.**

uNdoni azale uGoza uMkhubukeli kube uGoza uNodada usezala Umgano uMabizela noKufakwezwe uyise ka Kufakwezwe u uMabizela.

AbaThembu basuka kwazulu nabo njengoza zonke izizwe babaleka kwazulu ngendaba ka Tshaka. Oyena owaye hlupha izizwe ezazakhelene naye. Kuthena sekubusa uGoza baxabana no Tshaka yase idumelana njalo impi. Kuthena ngokudumelana kwayo ehlulwa ama Thembu asethi ukwehlulwa kwawo asebaleka asewela uTugela

2. ngeli ngendla izibuko asakha khona amacunu engaka fiki.

Sekuthi ukufika kwaba Thembu sebe fumanisa abantu abafana namaBusumani inkosi yabo kuwu Bovu Bahwa. Isithi ukubona aba Thembu lenkosi yama Busumane isibaleka ize ikwela undi. Ithena ngoku kwela undi isahlangana nabanye ababe balekela uTshaka kwazulu. Seyakhanabo ithena/ngokwaka nabo sekuthathwana seku-vela izingane izi ama kafukazi. Akusa qondakali ukuthi bantu abanjani labo. Kulapho ingxenye yama Hafukazi yavela khona. Njengoba ama nye esegovele kuleli lase Nkunzi (Wesselsnet) uGoza inkosi yaba Thembu usakha umuzi wakhe khona lapha oTugeka

3. sokuthi abakwa Dumakude ababaleka kwazulu nabo sebethi ukuwela ngeli ngenzansi izibuko sebe fana ukwenyuka ngalo uTukela kodwa bezwa kuthi wa ama Thembu asakhile kulela sebemisa khona eQudeni kwaba ka Dlamini inkosi yabo kuwu Latha. Aba Thembu kanti bebe hlukene kabili abanye bengaphesheya ko Tugekala. Inkosi isiba tshena uk thi mabawela uTugela bakhe ngaphesheya kwalo bonke ngoba ibona ingozi engavela uma kuqamukaimpi noma umfula ugowele. Sebe thutha abanye beluwela uTugela lelo beya ngase nkosini yabo uGoza wakwa kunene inkosi usaka musi omkhulu ngapesheya uGoza

4. usezwa usezwa uGoza ukuthi uTshaka uyeza impela manjena. Uzwa ngabo ababaleka kwaZulu njalo usethi ukuzwa usebaleka ngokume saba uTshaka usebeka kwelase Maphondweni. (Pondoland) usefika akasithola isikhundla yalwa naye futhi inkosi yamaPhondo. Usimehlula futhi. Sekufa abaningi abantu bakhe induna yakhe uNyanthi Kunene isimutshena uGoza ukuthi makuphidwe emuva futhi okungcono akasavumi uGoza loku usebona ngoba amaqawe akhe esephelile wonke usekhonza kuyona inkosi yama Phondo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.240. UGoza lona waye zele izintombi ezinhle impela sekuthi inksi yase Mphondeni isehaukela enye ezintombini zakhe. Lentombi uGoza waye thanda ukuba iyogana kwaZulu ukuze athole ukukhonza kahle. Naye kwaxulu. Phoke isigana imphondo seliqumela uGoza indawo enkulu yokwakha nempi yakhe. Usakha uGoza kodwa abaningi abayi thandele yondawo usebaleka uNodada indodana ka Goza usehamba nempi emugi impela usephinda emuva oTugela. Phela uthena uma ebaleka uyise ebeka ePhondweni basala banye khona lapho eTugela oyise mkhulu. Usekhumbula bona yena. Nenduna isimuvuna isihlangene nonina kanodada. Seyibaleka ebusuku kungazi muntu usesala nehlanzana elincane uGoza. Nanamhla abaThembu abanye base khonalena eMphondweni. Usethi ukufika lapha oTugela

6. uNodada usefumanisa oyise mkhulu sebekhonze emancunwini. uPhakade useba tshene ukuthi maba wele uTugela bakhe noko konke lapho emashinga nase Dwaleni onanamhla basekhona abaThembu kuleze ndawo. Kuthena ukuba afike uNodada use funa ukwaka naye lapho kukhona oyise mkhulu. Sekusuka impi Phakathi kwama Cunu nama Thembu. Asehlulwa amaThembu asehlulwa amaThembu usebaleka futhi uNodada useye ukhonza kwazulu futhi. Ufika sekukhona a Dingana Kwafumaniseka ukuthi uDingaan naye unolaka njengaye mfowabo uTshaka. Usehlala isikhashana uNodada sekuthi futhi intombi kayise umkhulu isigana Macunwni. Asexola amacunu usebuya futhi manjena usaka

7. ngaphesheya koTugela. uPhakade usemuxolele sesanda izizwe saba Thembu esinga phesheya nesinga neno koTokela. Useba nqumela umncele uPhakade esebavumela ukuba bakhe imizi yabo phezu koTugela babe amavondwe. Kuthena kunjalo banda useze abanqumele nonke lapha ngase manyiseni. Seyihlalisana kahle impela ama Cunu nama Thembu. Kodwa izimpina ezincane zaloku zivela njalo njena. Sekuthi ukufa kuka Phakade amacunu asefuna ukuba abaThembu mabawelele ngaphesheya ko Tugela kodwa aba Thembu abakuvuma loko. Kuthena kunjalo yafa inkosana kaPhakade uGabangaye yafela esandlwana.

8. Ngempi yama Ngisi namazulu sebe hlala futhi lapho abase baThenjini kuthena kunjalo kwasuka amantobazane alwa nawase macunwini nama Thembu ebanga izinsizwa kwavela umusindo kwamabaso manjena lomuzu usemunceleni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.240. Kwenzeka ukuthi onke izintombi nezinsizwa zazo zonke zigogi ziye kulowo msindo ngoba kwa kuqanwa insizwa yenduna yama Thembu iganwa intombi yasemacunwini futhi lomuzi usemuceleni wama Cunu nama Thembu. Kuthena kuku sihlwa zihlangana izinsizwa nezintombi kuzo zombili izigodi zayo gida kodwa kwafumaniseka ukuthi khona phambilini babe songeleni ngayo indlamu.

9. Sebe giyanjena sekukhona nokuthu k thela ndawo zombili kuthi soke sibone phela igoso lendlamu yase macunwini u Gayi Ndawonde ngoku ba Thembu umangaliso Mvelase sekuywa kuze kuse kugiywa kwaku khona nezinye izigodi zizobuka ukuthi yisiphi isizwe esinamandla endlamini kuma cunu naba T embu sekufumaniseka ukuthi aba Thembu banamandla impela amacunu asuku maningi akakhulu awezwani kahle sekuthi ekuseni abaningi abantu bethusa ukuthi uMangaliso uyigagu ngokwehlula amacunu. Sekuthi izintombi zaba Thembu sezicwephesha amacunu ukuthi ama bimbi nezintombi zawo.

10. Asethuka thela amacunu ukuzwa loku ikhakhulu izintombi zama cunu zacasuka impela sekuze kuthi izintombi zama goso zombili sezihlangana sezilwa ngoba ~~pehl~~ phela kwakubongwa wona amagodo lawo. Ko wa kwazisa ukuthi elase baThenjini liwinile zahlangana ntambama lishona emufuleni kade kuyo gezwa manjena sekuze kuqamuka abafana bezinkomo sebebona ukuthi amatombazane asebulalene impela ekhandana ngamatshe sebe gijima abafana bezinkomo ukuzwa ukuthi amanje asemuka nomufula ngoba phela uTugela lalu gcwele impela manjena umfula ayegezela kuwona aphezu koTugela kwakwe hlulwa wona amatombazane amaThembu kwazisa ukuthi amacunu amaningi impela kuna baThembu sekusuka izinsizwa ukuyobona loku Sezitho ngokubona ezaba Thembu kuthi asepheli le amatombazane akubo zibabulale lana ase macunwini. Ahthena athi noma ebaleka awa sizalutho afa amashumi amabili seku hwalala. AbaThembu kwasiza aba yingcosana impela. Seyihlangana khona lapho eyamacunu naba Thembu lapho Masunka kwafumaniseka ukuthi amacunu awasa phelele ezinye izinsizwa zihambile ngoku bona kuthi akusekho lutho. Sekuzala zi a yingcosana seyithi nkuhlangana isikhumu

12. ka eyase macunwini isibaleka kodwa akwafa insizwa. Abathembu sebe hlala phezu komufula nganeno khona ngase macunwini useyiphaka uPhinda kunene ngezigaba ndenge mpi ka Tshaka sekubizwa uzindongo ukuzo lumba impi yenkosi useyi cela ngentelezi impela k thena

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.240. kunjalo bathukuthela baphelela aba thembu yahlangana ithena ngoku hlangana amacunu aveve zela amadolo nemikhonto yawo yawela phansi phela kuyaziwa namhla ukuthi abaThembu bayakwazi ukulumba impi impela sezifa eziningi izinsizwa zama cunu kwasukela lapho ukuba amacunu awazi amaThembu. Ngesi khathi esiphambili amacunu ebengazi ukuthi yini abaThembu.

13. Lomulingo abaThe bu bawu thole ekuhambini kwabo baze bayo shaya khona lena ePhondweni. Batho bebuya babuya sebe hlomile nabo ngaloko. Abathembu sebe wabulala impela amacunu. Kodwa kuthena ngomuhla esithathu avuka amacunu ngok bona kuthi ayaphela manjenakuthiwa kwathi igazi lamadoda abaThembu afileyo alikhongo zela amacunu aliphuza kusukela lapho amaCunu anehliziyo embi imepela uma eselwa awayi emva afa aya phambili. Ancidiswa ngigazi lamadoda aba Thembu nanamhlanjena awabekani amaThembu nama Cunu. Sekuyaye kuthi noma kunocukwana akuze amadoda ngokwezana kwawo.

14. <u>Amathembu.</u>

Ama Thembu lana ukudabuka kwabo awakwa Kunene ukuze ahlukane ngezi bongo kwaba ngenxa yezici ezithize phakathi kwawo.

Kuthena yathi indedana ka Ndiso ngokubona ukuthi uzulu uya bazonda aba kwa Kunene yathi kuhle lesesibo masiphele manjena kwase kufuneka ukuthi kungathi wani manjena. Kwafumaniseka ku yise mkhulu ka Ndo i kuwu Mthembu. Base bezi biza ngaba Thembu no Zulu akaba thola kahle ukuthi yibaphi laba wabayeka akaba landela ubabulala kuthena kunjalo kwase kuvela umVelase phoke leyo indaba edumile kwathi futhi masishane kwavela abakwa Mabaso.

15. Kwa indodda enye empi ihlasele empondweni izulu lema khaza inkosi yalayeza yathi kungaba owa imlilo ngoba impi iceliwe. Nebala ahamba ama doda aboka amakhaza endodeni okuthi wa umabaso. Manjena yaze yabasa lendeda. Ithena uma isibasile yathi ngoku bona ukuthiamabutho asayibonile baleka yacasha manjena sekuze kutho umnumzane uBiba kunene uthi uphi sebethi usibalekele ngoba sithena simbona wayesebasile. Usefunwake usethwlwa

kwaba kwa nxele esekhonzile usebuyiswa ngoba kwaku yiqawe enjalo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

16 njena usethi uyise akusafanelwe ukuba kuthiwa uKunene wena usiduma zile. Usungo wakwa Mabaso nomuzi wakho ngoba weqe umuthetho yesizwe obekwe inkosi ysephuma owakha uma sekuthiwa kwaMabaso njalo njena. Laba abakwa Sithole ukuze bathole lesisi bongo kwangonyaka omunye izulu labalela impela kwathola kala ukudla indoda ethile yatshala ugwayi ensimini yayo emnyango wendlu manjena wakhulu logwayi inkosi yawu bona uGoza yathi mayivuthenge ngesithola senkomo nebala indoda yavuma ngokuvuma kwayo sesada isithola. Seyithi inkosi ukuze nawe inzalo yakho yande usu ngowakwa Sithole nempela base banda akwa Sithole.

17. Namuhlanjena abakwa Sithole bayisizwe nabo bake balwa abakwa Mvelase nabakwa Sithole bebanga umuncele wesigodi. Kwathi abakwa Mvelase bakha indaweni yabakwa Sithole ngama bomungoba beyisa laba abakwa Sithole usekhuza uma Shandu Sithole uk thi yini lomuhlola owenziwa abakwa Mvelase ngoba bayazi ukuthi lendawo eyabakwa Sith le na. Bakhisa uVezi Mvelase. Nabakwa Mvelase basho ukuthi indawo eyabo ababazi bona abakwa Sithole ukuthibiyini. Sebe thukuthela ndawo zombili, abakwa Mvelase sebe hlasela yena uMnumzane uShandu. Sebemushisela nomuzi wakhe.

18. Loku kwaba indaba ebuhlungu impela. Ngoba umuzi ka Shandu wabuba wonke ngaleyo mini nezingane zafa zonke izingane nama kkosikazi ngoba bathi uku wakhela umulibo bavala emnyango ngamatshe Kwaphuma yena umnumzane uShandu ngoku fuza indlu ngomuva. Se phuma usehlwu khile umulilo izinwele usethi ukuphuma usezi phonsa phezu kwabo abakwa Mvelase. Ababebasabuza naye waphuma ephelele lapha endlini. Kwakuyi qawe uShandu lona usekwela nge wafa nezinsizwa ezintathu uthse ukubona ukuthi usehlulekile usezi phonsa khona emulilweni ngezihlangu zakhe. Kuthena kunjalo ya qamuka eyakwa Sithole isihlomile nayo iphelele isitholana khona lapho engoku shesha . Kuthena umaseli qala ukusa yakhumuka eyabakwa Mvelase babaleka kwasiza ukuthi baningi esebe file impela. Ababe bese xoshana kwase kuqamuka amaphoyisa asoTugela. Abaningi abantu baboshwa abanye babaleka kwathi kuse njalo isahlalo ana abanye baba anya abakwa Sithole befuna umuthi wesithunzi abakwa Mvelase basaboshiwe namanjina ngoku shisela umuntu nomuzi wakhe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Sekuvanule loku kuma cunu nama Thembu ukushisela umnumzane omunye endlini enge nzanga lutho ngendaba yokume saba njena. Inkosi nayo isivumela bona abamhlophe ukuthi abakwa Mvelase maba boshwe izinyanga impela ngoba benze into engafanele.

20. Ukubaleka kuka Zimbi Mvelase oyena waye ligoso lempi owashisa umuzi ka Shandu Sithole. Uthena ngokubona uZimbi ukuthi usushile umuzi ka Shandu futhi asebe hlule amaThole abakwa Sithole labo phela. Usebaleka eqonda eSwazini usethi uma elapho usezwa ukuthi uyafunwa usezi shintsha isibongo sakhe negama lakhe usethi uwuNzondi Mthetwa usehamba eyefika ePhuthukezi usebuya eseno muzi ucasha njalo useze uyafa wafela khona lapha ngase Wesselsnet. Esakhe nama Humusha asenkunzi nanamhla inzalo yakhe yaziwa ngokuthi abakwa Mthetwa. Indlala enkulu eyavela ngesi-

21. khathi kulwa bona abaSithole na/bakwa Mvelase izulu labalela kakhulu kwaba umoya wodwa ezweni. Inkosi yaba fukame alana izulu nezintombi zenza nono mkhubulwane kodwa alizange line namanzi aphela impela kwezinye izindawo. Kwase kuthi inkosi kanti yayakhe phezulu kwantaba ndini yathutha nayo yayo kwak a eduze no Tugela kuthe ukuba yehle amacunu athukuthela ayihlasela yafa nayo ngale-impi nezinkomo azi thumba ama cunu. Indlala yaba bulala impela abaThembu basizwa yibo abamhlophe phakathi kwalowo nyaka kwavela nomkhuhlane omkhulu owabulala uMashindi ishinga lamacunu elali bulala iziwe ngolaka lwalo. Inkosi eyayi busa uMgano mThembu.

22. Usebona ukuthi uyise usefile uNozidayi wabulawa amacunu usewu guxula umuzi wakhe eduze no Tugela. Nanamhla usekhe lapho awau-guxulela khona uMgano izintandaneni. Usa hambisa izinkomo ezingama shumi amabili usezisa kuMabunu ukuyocela exolo nendlala kahle nebala amacunu azamukele lezo inkomo sekuhlalwa ke. Kuthena ukunjalo uMgano wahlasela wona amacunu engamuhudele usayo khokha usibongo sika yise uNozidayi. Owabulawa amacunu. Kuthiwa kanti loku izulu lalina liduma akabanga nandaba uMgano wathi mayi hambe impi naye wahamba kwaphuma nama bungu ngaleyo impi izinkomo zeluswa amakhehla ayesehluleka impela ukulwa.

23. Ukuwela kwayo yawela ngelinge nzansi izibuko ngaso Tugela Feerry ebusuku. Yaqonda emanyiseni lapho yagala khona ukugwaza nama

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.240 cunu awamnye asaphumelela kubaleka ngolo ayayi vimbezela njenga amaphoyisa kaphikhpu. Kuthiwa yaphi ifika izintandaneni emuzi wenkosi yase macunwini bafumaniseka ungase kholapho. Ukubaleka kwayo yaya kumfowabo ngaphesheya kwe Mpofane ukuyombikela lomuhlola ovelile. Umfowabo ngaphesheya aka buzanga wase eyihlomisa naye nawo emacunu anga phesheya ya nanganeno ahloma wonke. Kuthena kunjalo kwezwa kala enkantolo uku Mgano usebulale emacunwini uSilwane Mcunu usehlomile naye nofowabo uDlayisa kwezwa

24. kala ngo Mr. Rottelor owakhe phakathi kwayo imisi yamacunu washaya ulingo ukuthatha kokusa kuthena ngokuzwakala kanti usephinde emuwa uMgano nempi yakhe ngeli ngendla izibuko ngokwesaba ukuthi uzabona kala enkantolo uma ewela ngelinge nzansi khthi. Usewela futhi usewela nomhlambi wezinkomo zama cunu phoko abamhlophe bayi lamula. Kwafuman seka ukuthi uSilwane ake zwanekahle nomfowabo. uMfowabo ukuhlomisa kwakhe impi yakhe waye engaqodene no kulwa naba Thembu waye funa ukubulala yena umfowabo uSilwane. Nokwenza angambulali yingoba uSilwane wathumela kuyena ukuthi

25. naku ngifa yena uSilwane usala nganeno kwe Mpofane. Kwabakwa dumakude phoke uDlayisa wayi hlomisa eqonde ukubulala yena umfowabo. Ngoba phela bebanga efuna naye ukuba yinkosi ngaphesheya kwe Mpofane. Wehluleka ukuthi uzokwe nzenjani uSilwane ngoba kwasuka induna ka Dlayisa uKabayi ndawonde useyobikela uSilwane ukuthi uDlayisa uhlangene naba Thembu ubulala wena. Use dumela yena uSilwane ngokuzwa loko. Ngoku hlangana kwayo seyehlulwa eyase Zaintadane kaSilwane. Usefuna uSilwane manjena uDlayisa ukubulala. Seku khuza bona abamuhlophe futhi ukuthi uSilwane kone lutho uyinkosi yangaphesheya kwe Mpofane naye uDlayisa

26. yanga phesheya futhi kwelase Maphulazini. Sewuku yake lana kwabo lapho. Kodwa indlalo yakhe kahle ayimange ibakhona phakathi kwama cunu naphakathi kwaba Thembu. Usethi ngokufa uDlayisa abasa vumi abamhlophe ukuba ngaphesheya kunge phaphatha owase macunwini sebe beka uShezi uHlathi igamu lakhe}

Nayeke usehlala uMgano isingcono inhliziyo yakhe ngoba usezi buyisile izinkomo amacuni azidla kuyise sekuthula isikhashana amacunu asefuna ukuyi vusa futhi lendaba. Sekuthi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lama Thembu angaphesheya koTugela ngase macunwini asebulalwa amacunu amanye asinda njalo amaningi afa. Sekuze kuthi ngokuboshwa kwalabo abonacuku sokuthi dedelele no Silwane wadingswa ngako ukuhlupha wakhe. Kuthena ukuba abone ukuthi amacunu asathukuthela uMgano wase ehlala ngokuwa hlomisa amabutho akhe. Usebeka nezinhloli ukuba amacunu amacunu anga mohlaseli engazilungisele. Kuthiwa enye kuzo izinhloli zakhe uMgano yafela khona emacunwini ngoba bayibona ukuthi iyinhloli ka Mgani. Abamhlphe bamukhuza futhi kuloko yena uMgani ukuthi amamuse ukukwenza loko usezi yekeleka izinhloli usehlala isikhashana usefa uMgano. Sekuthi indodana yakhe uMabizela kwafumaiseka isencane wathi nomfowabo kwafumaniseka eyishinga elikhulu impela. Phoke kwaze kwabekwa induna yakhe uNdayi Mthembu ukubambela uMabizela.

28. uNdiyi kuthiwa yena impela owaphatha kahle ngesikhathi kubusa yena. Kuthi akuzange kuliwe nakancane.(Imithetho ayimusa) Wamisa ukuthi amadoda ama eyophuza utshwala emuzini angazi phathi izinduku ezimbili nehawu kuhle aphathe induku ibeyinye kuphela. Wakhuza futhi umukhuba wokhupatha uboko olucijwe phambili. Amantombazane wawa ngumela ukuthi eyemithi iyoganiswa lapho engathandi khona noma iganiswe ikhehlanjena. Wathi futhi umfana owane intombazane wayi th tha noma engathandi oweqalowo mothetho wahlawuliswa ngamasumi amabili izimbuzi loku kusho ukuthi izinkomo ezilishumi kuthiwa futhi umfana angalwi nekhehla

29. Noma unina owephula lomuthotho izinkomo ezimbili bonke aba Thembu bathokoza ngalemi thetho eyamuswa uNdayi. Wathi izinduna kuhle zipqaphele impela lomutetho induna enganaki lomuthetho inkomo. Wamisa futhi ukuthi kufuneka futhi izinduna zivame ukuvakashela kamkhulu ngoba ezinye izinduna zaze suke zikhohlwe ukuthi inkosi yazo ingakaphi zingawazi nonthetho wayo futhi kuthi waye vamisa ukuzi qoqa nyanga zonke izinduna ukuza luggisa ingaba zezwe laba Thembu. Futhi waye ekabise nama butho ukuzowa khumbuza umuthetho wakhe nowezwe okufanelwe wenziwe amabutho. Naye waye zwakashela izinduna zakhe ezithanda futhi nazo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

30. Kuthiwa amacala waye wathetha ngoku kuluma into eliqiniso. Phela amanye amakhosi nezinduna aye thetha amacala ngokuvuna abantu ezibathandayo. Wamisa futhi umuthetho wokuthi amakhosikazi mawabuye amasishane ekuphuzeni utshw la ilanga lingakashoni. Wathi akuyeke amadoda ukuhamba nama khosikazi amanye amadoda. Wamisa futhi umuthetho wokuthi amantombazane wenzelwe amalawu abafana nabo babe nama lawu babo bodwa. Kuthiwa kuwo wonke lomuthetho eminye bayingcina kahle impela eminye njalo bayephula behlawuliswa kuthiwa wanotsha impela kakhulu ngendaba yabanye ababe phula imithetho leyo.

31. Ithena uma sekhuhle uMabizela udaya wala ukudeda esikhundleni sake. Nabantu abaniningi futhi bavuna yena uNdayi. Kwazisa phela ukuthi waye lungile kubona besaba ukuthi mhlawumbe l nkosi encane mahle ibeno laka njena ngoba naku ikhulele emacunwini ekhabonina. Usehamba futhi uMabizela eya ekhabo nina eyobonisa kahle amasu angawenza usehi ukufika kwakhe amacunu asemu bonisa manjena amacunu a funa ukumhlomisa uMabizela ngoba naku aba Thembu sebayamala ukba abe inkosi yabo. Kwashobona futhi ukuhi kuhle ayokulela ekhabonina emacunwini ngoba besaba ukuthi aba Thembu ngahle bamubulale lontwana behawu kela isikhundla sakhe kodwa manjena bona futhi abasa muvumeli ukuba athathe isikhundla sakhe asehloma amacunu ukuyomubeka ngenkani. Amacunu lana ayehlangene nabanye abaThembu uma ehloma esithi uma esehlomile usebaleka uNdayi nabantu abaningi usebeka kwazulu usekhonza khona ngoba engafuni ukudedela uMabizela. Isikhundla sakhe owekwenza uma Ndayi ale ukusuka esikhundleni yingoba izinkomo zika Mabizela waye sezidlile ezinye usesaba ukuthi Umabizela lona uzomubulala ngaloko ukudla izinkomo zakhe. Ukuba abamuhlphe abavunaga uMabizela ngabe kwasuka impela impi yenkulu. Phoke wabona uNdayi ukuthi akana kusiza lutho wabaleka. Uthena noma ecela inkosi ywaka Majozi ukuba imelekele yala ngoba phela indaba isikwaba mhlophe. Usebalekake Ndayi nonuzi wakhe nab ntu abaningi usethi uma uMabizela ethi uya funa ukumudumela amulandele ngempi sebekhuza abamhlophe ukuthi uzobe useze hlukanisa nabo akusiwo umuthetho lowo. Ukula ndela Undayi esezi balekele.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.240. Ngoba usededile esikhundleni sakho muye uMabizela akalalela ukushokwa bam hlophe usemulandela usemufumanisa ngaphambi kwase Qudeni ehamba eyakhwazulu. Usethi ngokubona loku uNdayi nabantu bakhe ngoba sebebancane abanye sebe file khona endleni ngenxa yendlala abanye sebe phindele emuva kh-na

34. oTugela aka senamandla okulwa useziphonsa phakathi eszibeni use hluleka uMabizela usebuya nezi ngane akazi bulalanga izingane zika yise ngoba phela kwaku uyise uNdayi lona useziphatha kahle impela nasekhaya usezakela umuzi wazo wawu biza ngokuthi kusema balekeni ngoba phela uyise ubese baleke nabo labantw na nonina abamuhlophe sebe funa ukuxabana naye uMabizela ngokwe phula umuthetho useba tshena ukuthi yena ube ngokulwa noyise ubemubiyisa ukuba eze ekhya naba ntwana bakayise. Futhi naye uyadabuka uma uma uNdayi azi balale ngenxayake aziphonse esizibeni. Ngempela wakhombisa ukuthi ubengafuni ukumubulala uyise.

35. Nabatwana bakayise useba phatha kahle impela. Sekuthi bonke labo abasinda ababe hambe noyise usefuna ukuba bulala ngoba ethi yibona ababe dukisa yisse. Phoke nabo bazi hlangula ngamazwi okuthi uyena uyise owayengavumi ukuba lalela noma bethi kuhle axole angalwi futhi angabaleki bona babe phela kezela inkosi njena ngoba isifuna ukwakha umuzi umusha kweminye izindawo yakhela wona belu ama Thembu. Phoke wabonanemithetho yaba mhlophe uMabizela usebaxolela. Kodwa wabahlawulisa izinkomo usebusa kahle impela uMabizela ezwana namacunu abantu abanolakha kakulu.

36 Usefuna ukwandisa abantu bakhe uMabizela uselwa nabakwa Majozi sekufumaniseka ukuthi babale kela kwabamhlophe. Usebizwa uMabizela khona oTugela inkosi emhlophe uselajwa ukuba angaku phindi loku okwenzile naye impela usezi sola uma abamhlophe sebe mbonisa sebemutshena ukuthi ephinde weqa lomuthetho bazomususa esikhundleni babeke omunye ngoba naku uyahlupha yena. Usehlala phansi. Umabizela eseneliswa yiko konke manjena. Naba Thembu baya thokoza uyena sebe goima imithetho emudala eyabakwa uyena uNdayi useba yikholwa yena uMabizela. Kwathi abantu abaku thanda loko uk ba inkosi ibeyikh lwa.

36 Manjena inkosi umabizela usevumela amakhosikazi akhe ukuba abe amakholwa sekuvela ukuxabana okukhulu phakathi kwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.240. Makhosikazi enkosi namanye. Abantu bathi kuwephica isithunze amakhosikazi enkosi uma ekholiwe. Sebefuna umuthi wokubulala inkosi yena uMabizela ngoba usekholwise nama khosikazi akhe. Bathi wona izwe labantu namaxunu ase qala ukumuzonda. uMabizela ngoba seyikholwa indodana yakhe uMabizela isi-muhlaphuka isibaleka iya khonafuthi emacunwini. Usefa masishane uyise isibusa yona ke yayinge silona ikholwa no nina wabuye wahlubula waba ibayi indodana ka Mabizela ukufa kwezwe. Ukufakwezwe waqanja ngoba naku uyise esenze umhlola phakathi kwesizwe sama Thembu waba ikholwa. uKufakwezwe useba xosha bonke onina aba amakholwa. Sebe baleka bonke abantu ababe amakholwa ngoba phela inkosi izo zama ukuba bulala. Kuthena kunjalo wabona abantu bakhe behamba omunye koyise ka Kufakwezwe uGosepe owakwa qanjwa ngaye lesi sikole sakwa St. Joseph. Uyena owasathafuthi. Waphendula ama Humusha amaningi aba amaRoma njengo ba naye eyiRoma namhla njena use umushumayeli wesonto lama Roma kweli sonto St. Joseph. Uyena futhi owapha ama Roma indawo yokwakha
39. isikhole saka St. Joseph . Ekuqaleni kwalese sikole yena owaye khokhela oMiss imali siseyi Private izingane zakhe namhla zingotisha khona lapha kaseti Joseph's School. Sekuyisikole esikhulu impela. Abaningi kuma Thembu alandela yena uJoseph Mvelase. Elinye igama lakhe engaka Kholwa uSipheth Mvelase. Abaningi abantwana bama Thembu bafuna kulesi sikole. Uyena futhi owayethutha amakholwa awase kwa Hlati eMission ngamasonto amakhulu ngezinqola zakhe. Inkosi izanjalo kwa Siphethu nge ukuzombona njengoba kwakuwuyena induna ka Mabizela. Nokukholwa loku wabona yona inkosi isikholiwe naye wakwa mukela wakuthanda. Kuthena ngempi ngempi ebiwela phakathi kwaba Thembu inkosi yalanda yena ukuba azoyi bonisa kulenyanga ephelile uFebruary. Indaba kwalwa abantu elimeni kuphuzwa utshwala bona ba maThembu bodwa. Behlukana phakathi beshu balwa amakholwa nama beshu manjena alimala impela amakholwa. Phoke amakholwa awakuvumi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

loko ngoba futhi amakholwa angamagwala abukela amabeshu nezinye izigodi uma kuliwa.

END 240.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.